# *Isivunguvungu Esizayo*

Asibe silokhu simile umzuzwana nje, senzele umkhuleko. Singakhothamisa amakhanda ethu.

Baba wethu waseZulwini onomusa, ngempela singabantu abanenhlanhla, kulobubusuku, ukuthi singabuka ebusweni baKho obukhazimulayo futhi sibize Wena ngoBaba wethu; sazi ukuthi sidlulile ekufeni sangena ekuPhileni, ngenxa yokuthi uMoya oNgcwele uyafakaza ngathi, ukuthi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi Yena ungufakazi wethu, ukuthi sesidlulile kulowo mugqa; ngokuba izinto zezwe, esasivame ukuzithanda futhi sizisibekele, isifile manje. Futhi sivuswe kabusha, kanye noKristu, futhi sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, kuYe, sijabulela uBukhona baKhe. Sikubonga Wena kanjani ngalokhu!

2 Futhi, kulobubusuku, kulomcimbi, sizokhuleka ukuthi Yena uzosivakashela ngendlela enamandla, kulobubusuku. Busisa lelibandla elincane, esilithandayo, nenhlanganyelo enkulu nothando esinalo ngalo nomelusi walo, nakuwo wonke amalungu, nakulabo abahlanganyela nathi lapha kulomhlangano.

3 Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi kulobubusuku kuzoba ubusuku obukhethekile, ukuthi sizokhumbula isikhathi eside uBukhona baKhe kulobubusuku.

4 Kwangathi, uma bekhona, kulobubusuku, lapha abangayazi iNkosi uJesu njengoMsindisi wabo siqu, sengathi bangaMthola kulobubusuku, Nkosi, lowo Owaphumela ehlane ukuyobheka izimvu ezilahlekile ezingabuyelanga esibayeni. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi kungaba nesihawu ekamu, kulobubusuku, ngokuba yilokho esikunxusayo. EGameni leNkosi uJesu, sicela lokhu. Amen.

Ningahlala phansi.

5 Kuhle kakhulu ukubuyela kulelitabernakele, noma ibandla, kulobubusuku, ukuba nenhlanganyelo ekahle. Futhi namuhla ngisanda kuphila ngezigaxa ezincane zayizolo kusihlwa.

6 Futhi ngibuka izethameli, futhi ngibona abehlukene, nobuso engihlangane nabo. Ukuthi mina, ezikhathini ezedlule, bengifuna ukubuka phandle futhi ngixhawulane nabo, noma okuthize. Kodwa, o, besileyithi kancane, futhi ngavele nje ngadingeka ukuba ngiphuthume. Kodwa ngifuna nazi ukuthi bebebaningi lapha izolo kusihlwa, engibaqaphelile kweminye imihlangano.

7 Futhi, manje, izolo ebusuku ngenkathi ngiya ekhaya futhi bengitshela umkami, Ngathi, "Kazi kuyoba njani

uma sesiwela umugqa na?" Ngimi lapho, ngibheke phansi, futhi ngithi, "Awu, kukhona uMfowethu *S'bani-bani*! Futhi lapho . . ." O, lokho kuzoba isikhathi sangempela! Futhi silubheke ngabomvu lolosuku, futhi maduze, maduze. Futhi angazi ukuthi kuyoba nini, kodwa ngokuqinisekile kuyoba yisikhathi esikhazimulayo. Ngiyakholwa ukuthi uJohane, emva kokuba esebone izinkazimulo ezinkulu zikaNkulunkulu, futhi zazembuliwe kuye, kwethi *ISambulo*, wathi, "Noma kunjalo, woza, Nkosi Jesu." Wabona ukuthi kwakumangalisa.

Ambalwa, cishe emavikini amabili edlule, ngangiseKingston, eJamaica.

8 Futhi abantu abaningi babecabanga, futhi benza nokho, ukuthi imibono ivela emsamo kuphela. He, lokho akusikho ngisho okweshumi kwayo. Lokho akukhona okwamashumi ayisishiyagalolunye awodwa kwayo. Ivela ngaso sonke isikhathi, yonke indawo, futhi akukho nesisodwa isikhathi owodwa owake waba nephutha.

9 NeChristian Business Men, iFull Gospel Business Men, Ngangivakashile, noma lapho njengesivakashi esiphethe umkhandlu. Futhi kwase kudlule ubusuku obubili, futhi sasibe nokushunyayelwa kweVangeli; bese kuthi-ke, nokuthi ukujwayelana nezethameli, nokuzwa umoya wabantu. Futhi ngathi, "Ngikholwa ukuthi bekunganela, kulobubusuku, uma besingakhipha amakhadi omkhuleko athile, futhi siqale ukukhulekela abagulayo." Futhi iNkosi yasibusisa. Futhi kwadlula ubusuku besibili.

10 Khona-ke sasingene e—egumbini lokudlela eFlamingo Hhotela, lapho, "enkundleni" besingakubiza kanjalo lapha, lapho sasihleli khona. Futhi yonke into lapho isekelwe phezu kohlelo lwaseYurophu; lapho ukhokha irenti yakho, ukhokha isikweletu sakho sokudla; konke kuhambisana ne—nerenti. Futhi sasidla isidlo sasekuseni. Futhi kwakukhona isibalo esikhulu seFull Gospel Men lapho, kanye nabanye, futhi. Futhi kuqubuka umbuzo, "Leyo mibono," bathi, "iyamangalisa. Kungaba kuhle uma bengavela noma yikuphi."

11 "O," Ngathi, "bayakwenza, impela ngokuqinisekile." Futhi ngathi, "Lokho akuphulukisi muntu." Ngathi, "Uma uke waqaphela, ngibuza abantu, 'Ingabe lokho kuyokusiza ukholo lwakho, ukukholwa uNkulunkulu na?'"

12 Imibono ayiphulukisi; uKristu usevele ukwenzile lokho. Kungokokusiza ukholo lwakho nje. Yinto ethile nje uNkulunkulu ayengezile; isibusiso Athembisa ukusithumela, ukuqinisekiswa kwezinsuku zokugcina. Sizongena kulokho kamuva, iviki lonke.

13 Kodwa sasihlezi etafuleni, futhi ngathi, "Lapha manje, uMoya oNgcwele ukhona manje." Futhi uMfowethu Shakarian, iningi lenu liyamazi, uMfowethu Demos, nomngane wami

wesifuba kakhulu; noMfowethu Arganbright, futhi, o, abaningi abehlukene, UMfowethu Sonmore, omongameli namasekela-mongameli, nokunye nokunye, beFull Gospel Men.

14 Futhi ngathi, "Lomfana oza lapha uyagula," uweta. Futhi wasondela eduze kwetafula, noMoya oNgcwele waqala ukukhuluma kuye, futhi wamtshela, wathi, "Manje, uhlushwa yinkathazo yenhliziyo. Umkakho, naye, ungumKristu. Uyakholwa, kodwa uyesaba." Futhi lokho, futhi uqala ukumtshela ukuthi wayengubani, nakho konke ngakho. Futhi lowo mfana wacishe wawisa indishi yebhotela epuletini lami.

Ngakho-ke wathi, "Lokho kuyiqiniso kakhulu!"

15 Mina, ngase ngimtshela; hhayi mina, kodwa uMoya oNgcwele wamtshela ukuthi yini eyayingalungile ngomkakhe ekhaya, kanye nomkhuleko wabo ababekade benawo ndawonye ngalokho kusa ngaphambi kokuba ahambe, futhi inhloso yakhe kwakuwukungibona ngalolosuku. O, he, wathi nje akaquleke!

Futhi wathi, "Angiqondi nje ukuthi lokho kwenziwa kanjani."

Ngathi, "Nami angiqondi."

16 Into kuphela engiyaziyo ukuthi, uMfowethu Shakarian noma . . . Uxolo. UMfowethu DuPlessis nje wayephumile emotweni ngenkathi ngishayela nginyuka, noMfowethu Mercier kanye nami sasikhuluma ngomoya othandekayo kulelibandla. Siyakuthanda lokho, inhlanganyelo enhle kangaka. Lokho kuhle kakhulu, mfowethu, qhubeka nalokho. Lokho kuhle kakhulu, mfowethu, melusi. Futhi lokho kuhle. Futhi sasikhuluma, futhi mina . . . Wathi, "Mfowethu Branham, ngiqagele unokuningi kokunzima . . . "

17 Ngathi, "Qhabo. Into engimangazayo umusa kaNkulunkulu." Ngathi, "Ngiwuqedile umusa waKhe, izikhathi eziningi. Kodwa angisoze ngawuqeda umusa waKhe, futhi ngijabula kakhulu ngalokho."

18 Futhi ngakho-ke sisakhuluma etafuleni ngalokho kusa, khona-ke kwaba nowesifazane osemncane owehla ethwele amashidi ngehlombe lakhe, ehla edabula endaweni, eya kwelinye lamahholo, ukuyondlala imibhede. Ngathi, "Manje nakho lokho kuKhanya okulenga phezu kwaleyo ntombazane." Ngathi, "Vele uyibize ibuye lapha." Futhi sayibiza yabuya. NoMoya oNgcwele waqala ukuyitshela ngazo zonke izinkathazo zayo.

19 Futhi yayingesuye umKristu; hhayi ikholwa leVangeli eligcwele, ngingahle ngikusho lokho. Yayenze umsebenzi wobungcweti, futhi, lapho iseyingane encane. Nonina wayiyisa esontweni, futhi yayine . . . iminyaka eyishumi nambili ubudala, noma okuthize. Yayibhaphathiziwe, kodwa ingakazange iye esontweni. Yingakho ngathi, "ayisiye umKristu."

20 Ibandla alikwenzi umKristu. Ibandla likusiza kuphela ukuthi ube ngumKristu, likusiza ukuthi uhlale uyilokho ozalelwe kukho, likusiza ukuthi ugcine ulwazi lwakho, ngenkathi usahlanganyela nabazalwane boKholo oluyigugu olufanayo.

21 Kwase kuthi-ke ngisahlezi lapho, ngangibuka. NoMfowethu Demos Shakarian wangibiza ngaphumo kukho, futhi wathi, "Yini indaba na?" Ukube ubengeke akusho ngaleso sikhathi!

22 Ngathi, "Khumbula, ISHO KANJE INKOSI. Umuntu oseduze nami ulungiselela ukufa. Futhi kuzoba khona insizwa ekhafula igazi emlonyeni wayo."

Futhi ngathi, "Uphi uBilly na?"

23 Abaningi benu bayayazi indodana yami, uBilly Paul. Unina washona eseyingane encane nje. Futhi ngimthwalile nxazonke. Esikhathini sasebusuku, sasingakwazi ukuthenga amalahle anele ukuze abambe umlilo, ngakho-ke sasi... Ngangibeka ibhodlela lakhe ngaphansi kwehlombe lami, *kanje*, futhi ngimgcinele lona lifudumele ebusuku. Lapho evuka, ekhalela unina, ngangifaka ibhodlela emlonyeni wakhe. Futhi wangicela, lapho efa, "Hlala noBilly njalo." Futhi besingoshomi bangempela. Futhi ngakho-ke yonke indawo engiya kuyo, ngithatha uBilly, futhi unamathele kimi.

24 Ngakho, manje-ke, uBilly wayelungiselela ukwenyukela kukho, abakubiza ngokuthi, "The Garden of Hope" ukuze athole ezinye izithombe. Ngambiza, ngokushesha. Ngathi, "Ungahambi. Kukhona okulungiselela ukwenzeka."

25 Izikhathi eziningi, imibono isho izinto esingazi ukuthi ziyini. Abaprofethi beBhayibheli babengazi ukuthi yini ababebhala ngayo, bavele baLiloba nje. Futhi babengamadoda aqinisekisiwe, aphefumulelwe.

26 Futhi uMfowethu Shakarian wathi, "Mfowethu Branham, uthi kuzokwenzekani na?"

27 Ngathi, "Angazi. Othile, babengenawo amazinyo, futhi ngababona behefuzela kabili, futhi bafa. Futhi omunye umuntu, bathi... bakhafule igazi emlonyeni wabo, kwakubukeka njengensizwa; futhi wathi, 'Angeke afe, akakakulungeli.'"

28 Sabe-ke sesibuka. Futhi ngazizwa ngiholeleka ukuya eJamaica, kodwa hhayi ePuerto Rico.

29 Ngakho-ke, lapho sithola isikhathi, kufika isikhathi sokuya ePuerto Rico, indawo efanayo lapho leyondiza yawela khona lapho eJamaica futhi yabulala bonke labobantu. Babebukeka njengezingulube ezilenga ebhandeni lokuphepha, izitho nje zomzimba wabo wavele wasongeka. Futhi bayifuqa, futhi thina... Lapho, indiza isahlezi lapho ngenkathi singena. Futhi indiza yethu, ibuya ukusithatha isiyise ePuerto Rico, yaqhumisa amapistini, endaweni efanayo, lapho bema ukuba basithathe.

UBilly wathi, "Baba unesiqiniseko sokuthi kumele sithathe ngisho ishansi kuyo na?"

30 Ngathi, "Umkhandlu we The Christian Business Men wathi ngifanele ngize. Kungenxa yokuhlanganyela komkhandlu ukuthi ngiya kulobu busuku obuthi abube bubili."

Wathi, "Uyawukhumbula lowombono na?" Ngathi, "Yebo."

31 Kodwa izinsuku ezintathu kamuva, ngenkathi ngifika. . . Ngangimi phakathi lapho, . . .ingadi (angikaze ngibone noma yini enhle kangaka) ePuerto Rico. NoMfowethu Fred Sothmann (angahle abe lapha kulobubusuku), umngane waseCanada, ethwebula izithombe. Futhi lokhu okukhulu. . .unakho. Kuhle lapha ePhoenix, kuhle eLos Angeles, kuhle eMiami, kodwa bekungeke kubambe ikhandlela ePuerto Rico. O, yinhle, futhi angikaze ngibone noma yini efana nayo empilweni yami! Lezozixhobo ezinkulu, ezeluleleka laphaya, he, ingxenye yemayela ukuvuleka. Futhi izinyoni ezipinki amaflamingo zihambahamba emapaki ashisayo, nakho konke. Futhi angikaze ngibone noma yini efana kakhulu neZulu. UMfowethu Sothmann waphenduka, wathi, "Mfowethu Branham, iZulu lifanele libukeke kanje."

Ngathi, "O, bekungeke, bekungeke kubambe ikhandlela eZulwini."

Wathi, "O, bona, lololwandle olukhulu!"

32 Ngathi, "Kodwa kungukuzamazama komhlaba, kwenza amagagasi." Ngathi, "Kodwa kuzoba nokuthula Lapho, uzobe egeleza ngokuthula njengoba kungakwenza." Futhi ngathi, "Ngeke kube izinyoni ezipinki amaflamingo ehambahamba epaki, kuzoba iziNgelosi zihambahamba epaki lapho sihlanganyela khona."

33 Kuthe kusenjalo ngabona umamezala nobabazala beza behamba eduze kwami. Umkhwe wami usehambe manje cishe iminyaka eyisishiyagalombili, eyishumi. Futhi, ngawo lowomzuzu ofanayo, umkhwekazi wami wayedlula ukuyomhlangabeza. Wafa ngaleso sikhathi esifanayo.

34 Futhi lapho amahora amabili kamuva, lapho ngifika eMiami, ngashaya ucingo ukuze ngibone ukuthi konke kwakunjani ekhaya. Umkhwekazi wami (engenamazinyo) wahefuzela kabili, wafa. Indodana yakhe, ingakakulungeli ukufa; ngaphezulu noma ngaphansi, othi ukuhlulwa uphuzo; waqhuma, umongozini, ngenxa yokopha esiswini sakhe, futhi wavele waphimisa igazi emlonyeni wakhe, ndawo zonke.

35 UMfowethu Shakarian wangishayela ucingo ngolunye usuku. Wathi, "Mfowethu Branham, angikaze ngibe nalutho olungangishaya kanjalo, ukuzwa ngalokho." Niyabo, kwakungokwakhe nje ukubiza lowombono ngalesosikhathi, ukuwumisa, ukuze ungazi ukuthi kwakungubani, ukuze kube

yinto ethile yakhe ukuthi ayiqonde. Wathi, "Ngikholwa ukuthi inkonzo isiqala ukusebenza manje nje." Kwangathi kungaba njalo.

36 Kwangathi, khona lapha ePhoenix, kwenzeka okuthile okuzogqugqumezela wonke umuntu, uMoya oNgcwele ungene phakathi kwethu bese wenza okuthile okuzovele kusenze siqinise izikhali futhi silungele ukuFika kwaKhe. INkosi ibusise.

37 Manje, hhayi ukunigcina kade, ngoba nimile. Kodwa niyizethameli ezinhle kakhulu, ngi—ngibukeka sengathi ngingavele ngikhulume ubusuku bonke. Kodwa ngeke, angiqageli, kodwa angicabangi ukuthi izolo ebusuku benicabanga ukuthi bengizama.

38 Ngizoninikeza ithiphu encane. Ngakhuluma ngendaba ngokunye ukusa, etabernakele lami, ngaqala ligamenxe elesishiyagalolunye, futhi ngaqeda cishe ligamenxe eleshumi nambili; Ngabatshela ngaphambili, nokho; ngokuthi: *Ukuzwa, Ukuqonda, Nokwenza*. Mhlawumbe ngelinye iSonto ntambama, noma okuthize, singase singene kuleyondaba efanayo. Isikhathi esingangonyaka, uMoya oNgcwele ubulokhu usebenzana nami ngokukhuluma ngakho, futhi ekugcineni ngakhuluma ngakho ebandleni. Ngiyakhohlwa ukuthi mangaki amateyipu abafana ababenawo, ngaphambi kokuba sihambe, ukuwathatha.

39 Ake siphenye manje emaBhayibhelini ethu, masinyane, esahlukweni se 7 sikaMathewu oNgcwele, futhi (thina) asiqale ukufunda evesini la 24.

> *Ngalokho yilowo nalowo owezwa lawa mazwi ami, awenze, ngiyakumfanisa nendoda ehlakaniphileyo, eyakha indlu yayo phezu kwedwala:*
>
> *Layithela* izimvula*, kwafika izikhukhula, kwavunguza imimoya, yayishaya leyo* i*ndlu; kepha kayiwanga: ngokuba yayisekelwe yidwala.*
>
> *Kodwa yilowo owezwa lawa mazwi ami, angawenzi, uyakufaniswa nendoda eyisiwula, eyakha indlu yayo phezu kwe*zihlabathi:
>
> *Layithela* izimvula*, kwafika izikhukhula, kwavunguza imimoya, yayishaya leyo* i*ndlu; futhi*. . . *yawa, kwaba kukhulu ukuwa kwayo.*

40 Kwangathi iNkosi ingenezela isibusiso saYo manje ekufundweni kwamaZwi aYo. Ngifisa ukukhuluma imizuzwana embalwa ngendaba ethi *Isivunguvungu Esizayo*. Futhi ngethemba kuNkulunkulu ukuthi sizokwazi ukuzinikela kuMoya oNgcwele. Ngokuba, noma ubani uyazi ukuthi angisiyena umshumayeli. Lokho ngukuthi, kukhona abashumayeli emva kwami lapha. Angikaze ngiyithole imfundo yokuba umfundisi. Kodwa ezindleleni zami zakudala,

ezihamba kancane, kodwa mina. . . INkosi yanginika okuthize okunye okumele ngikwenze. Kodwa ngithanda ukuthatha isikhathi ukuze ngikwazi ukuchaza engikwaziyo ngeNkosi na—nangobuhle baYo, futhi ngizame ukutshela abanye ngakho. Futhi manje siyakhuluma kulobubusuku ngokuthi *Isivunguvungu Esizayo*. Futhi uma ngehluleka, ngamazwi, ukuveza engikuzwa enhliziyweni yami, ngiyakhuleka uMoya oNgcwele uzokwembula.

41 UJesu wayekhuluma lapha ngesiphepho esizayo esifanele sishaye wonke owesilisa nawo wonke owesifazane ozelwe emhlabeni. Ayikho nje indlela yokuphuma kuso. Leso siphepho sizokushaya ngesinye isikhathi noma esinye. Futhi kuya ngokuthi hlobo luni lwesisekelo onaso, noma ngabe indlu yakho izobhekana naso yini, noma qha.

42 Kube nezimpilo eziningi ezisindisiwe ngenxa yokulungiselela iziphepho. Futhi sekube nezimpilo eziningi ezilahlekile ngenxa yokwehluleka ukunaka isexwayiso seziphepho ezizayo.

43 Kungekudala, ngatshelwa ngendaba eyenzeka, ngikholwa ukuthi ngiyifunde ephephandabeni ezansi eFlorida.

44 Baneziphepho eziningi ezinkulu ezashanela zadlula eFlorida, izishingishane ezingena zisuka olwandle, futhi zilethe amanzi (izindlu zasedolobheni) akhuphukele edolobheni, futhi ashanele akhiphe yonke into. Futhi ngitshelwa ukuthi abaprofethi babo besimo sezulu bahlale beqaphe izivunguvungu ezinjalo. Futhi ngandlela thize, ngokusebenzisa i—izinto ezincane, ukuthi bangaxhumana nokushintsha kwesimo sezulu kanye nomkhathi, ukuthi, indlela lesisimo sezulu esibuthana ngayo, esiyoveza esinye salezo zivunguvungu; ngoba bakwenze isifundo sempilo, nangamathuluzi athile nezinto isayensi ebahlinzeke ngazo. Bese kuthi-ke ngokubiza phambili, nokuzwa ukuthi isiphepho siza ngayiphi indlela, ukuthi sinomoya ongakanani emva kwaso; ezinye izivunguvungu ziza ngayiphi indlela, leyomimoya, noma uyakwazi ukulwa, ukusunduza isiphepho.

45 Bengingama lapha futhi ngishumayele ihora kulokho, ukuthi kuthatha isiphepho esikhulu kakhulu esizayo, kuthatha umoya ophakeme ukuguqula leso siphepho. Kukanjalo nanamuhla! Futhi sonke siyazi ukuthi sinesiphepho esizayo. Futhi okuwukuphela koMoya engiwaziyo, ongaphendula lesosiphepho, kuyoba yilowoMoya ovunguzayo owawa ngoSuku lwePhentekoste. Ngitshelwa ukuthi kukhona amadoda ngisho edolobheni manje, akhuluma ngokumelene nobukhomanisi, futhi afanele abe njalo. Kodwa, ukukhuluma ngokumelene nakho akwanele, sifanele sithole ukuthi singayiguqula kanjani into. Futhi-ke yinye kuphela into engaguqula leso siphepho,

futhi, lokho ngukuthi, iSiphepho esinamandla kakhulu esingasithandela futhi siguqule indlela yaso.

46 Futhi laba baprofethi besimo sezulu eFlorida banemba impela ngokuprofetha kwabo. Babekelwe leyonhloso, ukuxwayisa abantu.

47 Bengifunda, ngiyakhohlwa manje nje, ngikholwa ukuthi bekusephephandabeni, ngesiphepho eminyakeni embalwa edlule, esasisendleleni yaso sinqamula eFlorida, enkabeni yeFlorida, nazo zonke izifunda ezizungeze e-Okeechobee sa—zaxwayiswa. Ngisanda kusuka lapho cishe emavikini amahlanu edlule. Futhi kwakukhona indoda engumakhelwane eyayihlala ixhumana nomsakazo ngaso sonke isikhathi, ngenxa yalezi zivunguvungu, futhi yayingumKristu owaziwa kakhulu. Futhi yezwa ukuthi isishingishane esikhulu sasiza ngaleyondlela, sisonta phansi izihlahla, futhi wonke umuntu waxwayiswa ukuba afinyelele endaweni ephephile.

48 Futhi yacabanga ngomakhelwane wayo owayenepulazi lezinkukhu, nezinye izakhiwo ezilula nezinkukhu zabo phakathi kuzo, izindlu zazo zokufukamela, nokunye nokunye, namahhokwe abo. Lapho, konke ababenakho empilweni kwakuboshelwe nalezinkukhu, ukuphila kwabo. Futhi yagijima ngokushesha, iphithizela, yakhuphukela esangweni, yase imisa imoto yayo futhi yagxuma yaphuma, yase ithi kulomfo, "Thatha zonke izinkukhu bese uzibeka endaweni yakho yokukhosela esiphephweni, futhi phuthuma kwesami, ngoba kuza isishingishane noma isiphepho esizosontela yonke into phansi."

49 Futhi indoda yasukuma yayibheka ebusweni, yase iyihleka, yase ithi, "Umbhedo! Ngike ngabezwa bebikezela izinto ezinjalo ngaphambilini, futhi akuzange kwenzeke."

50 Futhi umakhelwane ongumKristu wayexhuxhuma kakhulu, wathi, "Kodwa kuthiwani uma kwenzeka na?"

51 Sizwa ukuphawula okunjalo, emgqeni, "Ngizwile nga*lokhu* kuzokwenzeka, futhi *lokho ku*zokwenzeka." Kodwa kuzokwenzeka ngolunye lwalezi zinsuku! Futhi kusifanele ukulalela zonke izixwayiso.

52 Kodwa le ndoda yathi, "Anginaso isikhathi sobuwula obunjalo. Ngifuya izinkukhu, futhi anginaso isikhathi *sokunjalo*."

53 Futhi yamemeza! Umakhelwane wathi, "NgeGama likaNkulunkulu," wathi, "shiya lezo zinkukhu zodwa khona-ke, John, futhi uze ngokushesha, wena nomndeni wakho. Uma ungafuni ukukukholwa, vumela umndeni wakho uze."

54 Futhi yathi, "Ngeke ngenze izingane zami zixhuxhunyiswe yizexwayiso ezimbalwa zomsakazo. Mina nabantwana bami sinqume ukuthi sizohlala njengoba ngihlala. Nomkami

uzongilalela ngoba yimina owondlayo kulelikhaya, futhi umele angilalele. Ngingumphathi lapha, futhi ngeke ngenze abantwana bami baxhuxhume noma badatshulwe umbhedo."

55 Futhi umakhelwane waphenduka, Futhi waya ekhaya lakhe, endaweni yakhe yokukhosela.

56 Futhi, kungazelelwe, amafu ayephezu kwakhe ngaphambi kokuba bakwazi! Yileyo ndlela ukwahlulela okushaya ngayo. Kufika ngokungazelelwe, uyazibuza ukuthi kungafika kanjani lapho ngokushesha okungaka. Ngiwabone kanjani amadoda anonya, ake athuka uNkulunkulu, ewa futhi eklabalasa, bese ethi, "Ungangiphatha kanjani ngale ndlela na?" Konke, sonke isisekelo sashanelwa saphuma ngaphansi kwakhe ngomzuzwana. Kuyakhokhela ukuthatha isexwayiso.

57 O, ungase usihleke isithunywa, ungase ukwazi ngisho ukusibulala. Kodwa, angeke uwubulale uMlayezo, Uyoqhubeka ngokufanayo nje. UMlayezo kaNkulunkulu uPhakade. AmaZwi aKhe awasoze ehluleka.

58 UPawulu waphumelela ekwenzeni uStefanu akhandwe ngamatshe. Kodwa kuyo yonke impilo yakhe, waze wanikela kuKristu, akazange akwazi ukudeda kulowoMlayezo, "Ngibona amazulu evulekile, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu." Kukhona okumbambile. Kwakungesiso isithunywa, kwakunguMlayezo ayenawo.

59 Ngenkathi isiphepho sishanele sadlula ezweni, sabamba indlu yezinkukhu kanye nomlimi, futhi abazangee basithole isidumbu sakhe.

60 Nomkakhe, elwa ngamawala. Futhi babehlala eduze kweChibi elikhulu i-Okeechobee, futhi amanzi aqala ukuphakama njengoba isishingishane siphakamisa amanzi le kusukela ezansi kwechibi. Yilokho okuwenza abe yingozi kakhulu; awajulile, izikebhe ziyazamazama, futhi yileyondlela amagagasi akhuphuka ngayo futhi agumbuqele izikebhe ngaphansi kwawo. Izivunguvungu ziyafika zivele zishwibe amanzi bese ziwathwala amamayela. Namanzi ayashanela, kwaze kwathi, umama wazi ukuthi kwakungekho themba kodwa ukuyisa abantwana bakhe esicongweni sesakhiwo. Futhi wathola abantwana bakhe, futhi wababeka esicongweni sesakhiwo, bebambelele kushimula wendlu.

61 Futhi khona-ke izilwane zasendle, i-Cottonmouth Moccasin, ngiyakholwa, inyoka ebulala kakhulu kune-Diamondback Rattler yakho. Babekhasa ukuze baphephe, futhi bangena nayo ophahleni. Futhi ngokulalela umyeni wakhe, ngokunganaki isixwayiso, wayefanele a . . . washaya phansi ngonyawo futhi washaya, kodwa wayedingeka ame futhi abuke lezo zinyoka ezinonya ziluma abantwana bakhe baze bafela ophahleni. Futhi umama ngokwakhe walunywa kakhulu kwaze kwathi ekugcineni wafa, yiyona ndlela kuphela esathola ngayo indaba.

Emva kokuba isivunguvungu sesithule, namaqembu okucinga ezingela izidumbu, nokunye nokunye, bamthola elele phezu kophahla, nabantwana bakhe belele eceleni kwakhe.

62 O, kuyakhokhela ukuthatha isixwayiso! Into yokuqala okufanele uyenze, ngaphambi kokuba kube nesixwayiso, kufanele kube khona ukulungiselelwa okwenziwayo ngokuphepha, noma asikho isidingo sokuthumela isexwayiso. Futhi isixwayiso yiphimbo kuphela loyedwa okwenza ukuba uzilungiselele ingozi. Kufanele kube nokulungiselela okwenziwe kuqala. Futhi-ke uma ukulungiselela kwenziwe, khona-ke isexwayiso singaqhubekela phambili ukuze sikubangele ukuba wenze isinqumo sakho, noma ngabe uyafuna ukusilalela, noma qhabo. Uma ungafuni ukusilalela, awu, lokho kukuwe. Uma usilalela, kukhona ukuphepha.

63 UNkulunkulu unendlela efanayo. Sisebenza ngendlela kaNkulunkulu, ngaleyo ndlela. UNkulunkulu, ezinsukwini zasekuqaleni, ngenkathi izwe langaphambi kukazamcolo, lapho abantu base bebabi kakhulu futhi benesono kakhulu, ukuthi uNkulunkulu wayengenakubheka phezu kwabo futhi abe nobulungiswa.

64 UNkulunkulu unobulungiswa, futhi Unemithetho. Lapho leyo mithetho yephuliwe...Noma yimuphi umthetho owephuliwe, awunasijeziso kuwo, akuwona umthetho. Awukwazi ukwephula imithetho kaNkulunkulu ngaphandle kokuyikhokhela ndawo ndawo. Ufanele ukwenze. IBhayibheli lathi, "Qiniseka ukuthi izono zakho zizokuthola."

65 Futhi siyini isono na? Ngingathanda ukuma lapha umzuzwana nje. Abantu abaningi bacabanga ukuthi ukubhema ugwayi kuyisono. Akusona. Abantu abaningi bacabanga ukuthi ukuqamba amanga kuyisono. Akusona. Ukuphinga, lokho akusona isono. Leyo izingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. Wena, isizathu sokuba wenze lezozinto yingoba ungongakholwayo.

66 Kukhona izinto ezimbili kuphela, okungukuthi, kuphakathi kokuthi uyikholwa noma ongongakholwayo. Uma ulikholwa, awuzenzi lezo zinto. Uma uzenza, angazi ukuthi hlobo luni lwesivumo onalo; kodwa, uma wenza lokho, "uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe." IBhayibheli lasho njalo! Sinokuvuma okuningi kakhulu ngaphandle kokuba nalo; baningi abakushoyo, futhi bengakuphili.

67 Ngicabanga ukuthi, ngisho, sinokuzijwayeza okuningi kakhulu ngezintshumayelo, futhi singaphili izintshumayelo ezanele. Kungaba ngcono kakhulu ukuba besiphila intshumayelo yethu, ngamunye wethu ubeyoba umfundisi. Kungcono ukungiphilela intshumayelo kunokungishumayeza eyodwa. IBhayibheli lakusho lokho, "Niyizincwadi

zikaNkulunkulu ezilotshiwe, ezifundwa ngabantu bonke." Ngakho-ke, kungcono kakhulu ukuphila intshumayelo.

68 Isono yingenxa yokuthi awukholwa. Akashongo yini uJesu, ngezinsuku zenyama yaKhe emhlabeni, Akabizanga yini... Abantu abangeqambe amanga, abebengeke bantshontshe, abebengeke baphinge, amadoda alungileyo, abashumayeli, abapristi, Wathi, "Ningabakayihlo, udeveli," ngoba bengakholwanga eNdodaneni kaNkulunkulu. "Ongakholwayo uselahliwe kakade."

69 Esikhathini esithize esedlule, ngikwenzile, ngenza ukubizela e-altare. Ngiyamthanda uJohane 5:24. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade; futhi akayikuza ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Okholwayo!

Wathi, "Lokho kulula kakhulu."

70 Qhabo, lokho kujule kakhulu, ngokuba, "Uma ukholwa!" "Akekho umuntu ongabiza uJesu ngokuthi 'uKristu,' kuphela ngoMoya oNgcwele." Uma unoMoya oNgcwele, khona-ke usukholiwe kukho ukuPhila okuPhakade, futhi unokuPhila okuPhakade. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade; futhi akayikungena ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ukulungiselela, elungiselela!

71 Futhi uNkulunkulu wabona ububi bezwe, futhi wabona leso sizukulwane esibi nesiphingayo, futhi ubungcwele baKhe babungeke busasimela.

O, kulomhlaba wesono!

72 Ngama ngolunye usuku, endleleni yami ngiya esitolo sokugrosa, nomkami. Futhi sasikhuluma ngenenekazi elincane elithile ledolobha lakithi. Isimo sezulu esibandayo ngempela; futhi ligqoke ijazi elikhudlwana, futhi ligqoke ngendlela engafanele, ligqoke lezozikhindi ezincane, abazigqokayo ehlobo; nesikebhe esincane saseqhweni phansi. Futhi umkami wathi, "Uyazi ukuthi owesifazane angeke akhululeke."

Futhi ngathi, "Qhabo. Akaphilile kahle engqondweni yakhe."

Futhi wathi, "Awu, uyazi ukuthi ufunda esikoleni esiphakeme."

73 Ngase-ke ngithi, "Angase aye esikoleni samabanga aphezulu, kodwa lokho namanje akukwenzi konke kulunge." Ngathi, "Angeke abe kahle ngokwengqondo."

74 Lapho singena eJalimane. NgangiseJalimane esikhathini esidlule, emhlanganweni omkhulu lapho iNkosi yayisipha khona cishe...cishe imiphefumulo eyizinkulungwane eziyishumi, ubusuku. Futhi ngamangala kakhulu ngobunye ubusuku ngenkathi ngivela emhlanganweni, futhi—futhi ezansi nesitaladi

ngiya endaweni lapho engangimenyelwe khona isidlo sasemini esincane. Futhi kwakungukuvalwa komhlangano, futhi wonke amaKristu ehlezi ezungezile lapho, ephuza ubhiya. Awu, iMelika, iCanada, neNgilandi, yizona zizwe engizaziyo kuphela ezenqabela amaKristu ukuphuza. Abadakwa; kodwa thina maMelika. Bese kuthi lapho . . . Angizange ngiwuphuze. Ngakho-ke, emva kwesikhashana, kufika umbuzo etafuleni, "Bekuyini inkinga," ukuthi bengingaphuzi ubhiya wami, "kwakungenxa yokuthi kwakungekuhle na?"

75 NoDokotela Guggenbuhl ehlezi eduze kwami, owanihlinzeka ngomhumushi. Ngathi, "Yini bonke abakhonona ngakho, kimi na?"

Futhi wathi, "Bayamangala ukuthi kungani ungaphuzi."

76 Manje, ngiyazi kulotshiwe: uma useRoma, yiba ngumRoma. Kodwa ngathi, "Batshele lokhu: 'angibalahli. Kodwa mina ngazalwa ngaphansi kokuzalwa komNaziri, angifanele ngiphuze.'" Ngangingafuni ukubalimaza. Futhi bakuqonda, baqhubeka nokuphuza.

77 Futhi-ke e-Italy sathola cishe into efanayo. Nezingxenye eziningi ezehlukene zomhlaba, uma uya ezizweni, uthola umoya wesizwe.

78 Ngiyakhumbula uMoya oNgcwele enginika isexwayiso sokuthi ngingayi e-YMCA eFinland. Ngangingazi ukuthi kwakumayelana nani. Futhi ngithola ukuthi, babenabesifazane abagezanayo lapho. Futhi ngahlala kude, futhi angivumanga ukungena noDokotela Manninen nabo, ukuze ngibhukude. Futhi ngathola, labo besifazane abakhuhlayo babekhuhla amadoda. Futhi ngathi, "Akulungile lokho!"

79 "Awu," wathi, "Mfowethu Branham, lokho kulungile impela njengoba abahlengikazi bakho benjalo eUnited States." Wathi, "Baqeqeshelwe lokho."

80 Ngathi, "Angikhathali ukuthi baqeqeshwe kangakanani, akukaze kuhloswe kanjalo! UNkulunkulu wabasibekela, futhi wabenza behluka!" Kunjalo! Kodwa abaKunaki.

81 BabengabaseFinland, abantu abamangalisayo, kodwa umoya wesizwe. Nomaphi lapho uya khona, uthola umoya wesizwe. Futhi ufika eMelika, ube nakho ngempela-ke, lokho kubi kunakho konke.

82 Futhi umkami wathi kimi, "Ngani, labobantu baya esontweni, futhi ngiye ngizibuze ukuthi kungani kungazange kuwulahle unembeza wabo."

Ngathi, "Mkami othandekayo, ake ngikutshele. BangamaMelikana." Wathi, "Awu, ngani, asiwona yini na?"

83 Ngathi, "Qhabo." Ngathi, "Sihlala lapha nje. Kodwa sizalwe Phezulu, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu wehlela phezu kwethu."

84 Ngakho-ke, singabahambi nezihambi lapha, akuyona indawo yethu yokuhlala lena. Kodwa sifuna uMuzi ozayo, OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Ngakho-ke, uma uzalwa Phezulu, unoMoya oNgcwele wehla uvela kuNkulunkulu, oguqula imvelo yakho. Akunandaba, udadewenu, umama wakho, umngane wakho—wakho omkhulu ubengagqoka ngaleyondlela; kodwa umKristu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, uzelwe Phezulu, noMoya wabo ungowomunye uMbuso. O, ngijabula kakhulu ngalokho! Ubulula bukaMoya oNgcwele; ukuWulandela, ukuWubheka, ukuthi Uziphatha kanjani, ukwenza uziphathe.

85 Kwakungaleyondlela ezinsukwini zikaNowa, futhi uNkulunkulu wagcwala kakhulu ngakho! Kodwa ngaphambi kokuba Athumele isivunguvungu ukuba sibhubhise umhlaba wonke, uNkulunkulu wenza ukulungiselela kwalabo ababefuna ukuphuma kuso. Futhi ngiyambona uNowa emi emnyango womkhumbi, eshumayela ukulunga. O, babengekho abaningi ababeyomlalela.

86 Babeyinto efana nanamuhla. Bafuna ukuzijabulisa, hhayi iVangeli. Maye kulaba bavangeli baseHollywood abesaba ukubiza isono nge "sono!"

87 Sidinga abanye abayimfashini endala, abashumayeli basemuva emahlathini abanoMoya oNgcwele, ongesabi ukushumayela iVangeli ngezandla zabo zingafakwe lutho, zingamboziwe ngohlobo oluthile lwegilavu lenjoloba; kodwa bashumayele ukuFika kweNkosi uJesu, ukwahlulelwa kwababi, neZulu ngabalungileyo, nabaseduze abasondelayo! Ngayiphi inkathi yonyaka na? Angazi, futhi akekho omunye owaziyo. Kodwa ngizosixwayisa isizukulwane sami. Uma sifika manje, ngifuna baxwayiswe.

88 Ngiyambona uNowa kulowo mnyango walowo mkhumbi. O! Ngingathanda nje ukukholwa into eyodwa, kwakungenjalo; kodwa uNowa emi kulowomnyango, indlela kuphela eya ekuphepheni.

89 Ngiyambona uMose, kamuva, emi emnyango, enegazi ekhothameni, eshumayela ukwahlulela, enegazi ekhothameni.

90 Namuhla, uJesu unguMnyango esibayeni sezimvu, abefundisi beVangeli bemi kulowoMnyango, enxusa ibandla ukuba lize ekuphepheni.

91 Futhi akungabazeki kodwa lokho okwakukhona abaningi bamhleka uNowa, bahlekisa ngaye. IBhayibheli lathi, "Babengabahleka usulu." Ngiyabezwa nje besho into enjengalena, "Nowa, uma ungenakho ukuzijabulisa okungcono kunalokho, sizovele sihlale ekhaya."

92 Izwe namuhla, iMelika, ayilifuni iVangeli. Bafuna ukuzijabulisa. Bafanele babe nokuthile okuzobajabulisa; umculo omningi kanokusho, noma into efana naleyo, noma

uhlobo oluthile lwephathi, uhlobo oluthile lokosa isosiji. Okungukuthi, lezozinto zilungile, ngaphandle kwebandla. Kodwa ibandla yilapho ukwahlulela okufanele kushunyayelwe khona eMandleni okuvuka kweNkosi uJesu, nesexwayiso. Ukwahlulela kuqala endlini kaNkulunkulu! Hhayi amaqembu; ukwahlulela!

93 ULoti waxwayiswa. Futhi ngenkathi iziNgelosi, nakuba wayengazi ukuthi zaziyiziNgelosi, ngenkathi zehla, umlayezo wazo wawuseSodoma, "Phuma kule ndawo enesono! UNkulunkulu ukuhlinzekele indlela yokuphunyuka. Phuma kule ndawo enesono!"

94 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma." Buka ukuthi hlobo luni lwempilo ababeyiphila. Futhi uJesu waqhathanisa lolosuku nalolusuku. Olunesono!

95 Bhekisisani ngenkathi uLoti eyotshela abantu bakhe. Bamhleka, bahlekisa ngaye. "Nezono zomuzi, zawuhlupha umphefumulo wakhe olungileyo." Umlayezo weziNgelosi awuzange ubanyakazise, awubanga namthelela kubo. Kepha bacelwa ukuba baphume, ngokuba ukwahlulelwa kwakuphezu komuzi, futhi uNkulunkulu wayezoletha isiphepho somlilo phezu komuzi. Futhi banqaba ukuhamba. Banqaba ukuphuma. Baneliseka ngezono zabo.

96 Abantu namuhla babonakala benethezekile kakhulu esonweni, ngoba sinemoto entsha, ngoba singadla kathathu ngosuku, silale embhedeni ohlanzekile. Kuhle kakhulu lokho. Kodwa, lokho kungaba kuhle, kodwa siyamkhohlwa uNkulunkulu lapho impumelelo ifika kanjalo. Ngicabanga ukuthi sibe kanjalo. Thina bashumayeli nathi maKristu sibe nentshisekelo kakhulu o—ohlelweni lokwakha amabandla ethu kanye nokuthola ibandla elingcono, noma into ethile enjalo, noma ibandla elikhudlwana, izihlalo zikanokusho ezingcono. Noma, niyazi ukuthi kanjani nokuthi ngiqonde ukuthini. Futhi siyishiyile into esemqoka: ukwahlulela, ukulunga, aMandla kaMoya oNgcwele, ukuvuka, ukwahlulelwa kwaPhakade.

97 INgelosi ayizange yehluleke ukushumayela umlayezo. Nakuba bazama ukuZivimba, kodwa umlayezo waZo waqhubeka ngokufanayo nje.

98 Manje, niqaphelile yini, kufana nje nomuntu othi, "Ngizokwenqaba ukukholwa ukuthi ilanga liyakhanya. Ngeke ngibe nalutho olunye engingalwenza nelanga." Avale amehlo akhe, bese ehlela endlini yakhe engaphansi yendlu yakhe, futhi wathi, "Ngiyala nje ukwazi ukuthi ilanga liyakhanya."

99 "Kungani," wena uthi, "Mfowethu Branham, leyondoda, bekungaba yinto ethile engalungile ngokwengqondo kuye."

100 Awu, umuntu oyokwala uJesu Kristu, unokufanayo. UMoya oNgcwele ungokoqobo kakhulu kunokukhanya kwelanga. Ilanga liyohluleka, kodwa uMoya oNgcwele ngeke

wehluleke. AKukhanyi nje kuphela ngomuzwa wokubona, kodwa Kukhanyisela umphefumulo, ukuKhanya kwenkazimulo okusiholela kuNkulunkulu, lokho kwenqaba . . . noma kuveza, njalo, iKalvari kithi, nezinhlupheko zeNkosi uJesu; ukwahlulela okuzayo, kanye nokuphepha kwalabo abafuna ukuza. Kungcono ngibe yimpumputhe ngokuphelele, okwenyama, futhi ngibe nokubona kwami komoya; kunokuba ngibe yimpumputhe ngokuphelele, ngokomoya, futhi ngibe nokubona kwami kwenyama. Ngifuna ukuba nokubona komoya.

101 Qaphelani, bekungaba yini iphutha ngaleyondoda na? Labo, abangani bayo, bayofika bese bethi, "Jim," John, noma ngabe igama lakhe lingaba ngubani, "wena unephutha. Phuma kulelo gumbi elingaphansi elidala elimnyama, elikhuntile."

102 Futhi uyosukuma bese ethi, "Ngizokutshela, ngenelisekile lapho ngikhona!" Akafuni u—ukukhanya kwelanga okwamukelekile. Akayifuni imisebe yalo ephulukisayo. Akabufuni ubuhle balo, i—imfudumalo yalo empilweni yakhe. Bekuyoba nokuthile okungalungile ngendoda.

103 Futhi ukanjalo nowesilisa noma owesifazane ofuna ukuhlala ezweni elimnyama, avaleleke esonweni esibi sokungakholwa, futhi ethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Awukho uMoya oNgcwele." Yingoba uyenqaba ukuphuma ekukhunteni nemiphandu kadeveli, nesihogo, nesono, nokuziqhenya.

104 Hamba ekuKhanyeni kweVangeli, okuzokulethela imfudumalo! O, Kuthokomele kanjani! Ukubona izahlulelo ezizayo, futhi uzwe lowo muzwa wokuthokomala kaMoya oNgcwele! Ubezwe bekhuluma ngamabhomu e-athomu na? Futhi ucabanga nje ngokwenzekile, ukuthula okudlula ukuqonda! Ngani, ibhomu ngeke lisaphuma esibhanyini size sibe seBukhoneni bukaJesu, sinokuPhila okuPhakade; thina bantu abadala, sibuye sibasha futhi; izingane, kuze kube ubudala; kungasekho ukufa noma usizi. O! Yeka into emangalisa kanjena! Usho ukuthi indoda iyonqaba ukuphuma futhi ihambe kuLokho na? Kukhona okungalungile ngayo.

105 Ekugcineni, uma ingakutholi ukukhanya kwelanga, iyaphaphatheka. Iphaphatheka ngempela, ukugula kuyayihlasela.

106 Yilokho okuyinkinga ngomhlaba namuhla. Yilokho okuyinkinga ngamabandla ethu amaningi namuhla. Sesiphenduka isimo sokushodelwa yigazi. Sidinga ukuthekelelwa ngegazi. Siphaphathekile, ngenxa yokuthi siyehluleka, impilo yethu yokomoya iyasehlulekisa. Asisenayo intshiseko nhlobo, yokuzingela imiphefumulo, uku—ukuxwayisa abantu, ukuthola omakhelwane bethu, ukuthola abangani bethu, umthengisi wobisi, umfana wephepha. Noma ngabe kuyini, yisa othile eNkosini uJesu! Siphaphathekile;

sihluleka ukuhamba ngaphandle ekuKhanyeni, okuyilungelo lethu; ukwehluleka ukukholelwa empilweni kaNkulunkulu, ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

107 Ngiyatshelwa eBhayibhelini ukuthi kuyoba khona isikhathi esifikayo, salabo abangekho kulokhu kuKhanya kweNdodana okumangalisayo, ukuthi izinyoni zezulu ziyakudla inyama yabo; ukuthi izifo zisendleleni yazo, ukuthi odokotela abasoze bakwazi ukunqanda. Yizinhlupho zikaNkulunkulu.

108 Odokotela baseGibhithe, ababehlakaniphe kakhulu kunabethu namuhla, babengenakunqanda izinhlupho zikaNkulunkulu, nabathakathi babo noma abalingisi babo babengakwazi. Kwathatha iGosheni, naMandla kaNkulunkulu, ukubamba abantu baKhe; ngaphansi kwegazi lewundlu!

109 UMoya oNgcwele uyilowoMnyango namuhla. UMoya oNgcwele uyilokho kuphepha namuhla.

110 Bengisemhlanganweni kungekudala. Ngibheka u—umfowethu oyikhaladi ohlezi lapha, ngiyacabanga, yena nomkakhe. Futhi bengilokhu ngimbuka kusukela bengishumayela, enqekuzisa ikhanda lakhe, futhi ethokoza emhlanganweni. Futhi kungilethe nje e—emcabangweni.

111 Kwakukhona umfana ongena emhlanganweni, ngesinye isikhathi. Futhi yathi inkonzo ingaphela, wagijima weza kimi, futhi wathi, "Parson!" WayengowaseNingizimu. Futhi wathi, "Parson, mina ngifuna ukuthola iNkosi uJesu, kulobubusuku." Nganginenkonzo yokuphilisa.

112 Futhi ngathi, "Impela, mfowethu, ngijabule ngokweqile ukukuholela kuYe."

113 Wathi, emva kokuba esenikele inhliziyo yakhe eNkosini, wathi, "Ngiyamangala, ngicabanga ukuthi uyamangala ukuthi kungani ngigijimela phezulu, phandle lapha kanje." Wathi, "Ngizwile ukuthi ubusedolobheni, futhi ngikhuphukile nje ngizobona lokho, ukubona wena." Wathi, "Ngizokutshela indaba yami." Wathi, "Ngine, kancane noma kakhulu, ngaba uzulane." Wathi, "Umama wami omdala wayengumKristu wangempela. Odadewethu babengamaKristu. Nginomfowethu oyedwa ongumKristu." Wathi, "Ngangiyi, yingane yomndeni, nomntwana odudwayo, kwasekuqaleni nje, ngoba bangitotosa, kwakukuhle kakhulu kimi." Kodwa wathi, "Ngangingeke ngimnake umama noma ubudlelwano bami obungcwele. Ngangifuna ukuba uzulane. Ngangifuna ukuphila 'ukuphila komuntu.'" Wathi, "Ngangicabanga ukuthi ukuba umKristu kwakufana kakhulu nabesifazane, noma ababuthakathaka." Wathi, "Futhi ngaba umpheki, futhi nganginekhono kakhulu emsebenzini wami."

114 Futhi wathi, "Okuthile, okunye, ngangifuna ukuya eNyakatho. Futhi ngolunye usuku ngadiyazela phakathi ekamu lehlathi lokwakha iphepha, lapho babenquma khona

ukhuni lokwakha iphepha. Futhi ngangingenamali. Futhi ngathi enduneni, 'Ungamsebenzisa umpheki na?'" Washo izincomo zakhe, ayenazo ephaketheni lakhe, ezivela ezindaweni ezahlukene ezinkulu lapho wayekade engumpheki.

115 Futhi wathi, "Awu, sesinaye manje." Wathi, "Kodwa, noma kunjalo, kuze kube yilapho usukwazi ukuba ngapha, singakunikeza imadlana encane eceleni. Sinowesifazane osekhulile oyikhaladi phakathi lapho manje, ongumpheki omuhle. Kodwa ngena, ukhulume naye, mhlawumbe angakusebenzisa. Futhi uma engakwazi, singakunika imadlana yokuyisebenzisa uze ukwazi ukuzimela."

116 Wathi lokho kwakukuhle njengoba wayefuna. Futhi wathi wangena lapho, futhi wahlangana nowesifazane osekhulile, futhi wathi wamsiza izinsuku ezimbili noma ezintathu.

117 Futhi ngobunye ubusuku, wathi wayelele lapho, wayesethi yena "Wayelokhu eqaphela ukubanika ngapesheya kohlangothi lodonga." Futhi emva kwesikhashana, wazibuza, "Ngabe lowo, ngabe kukhona umuntu ongaphandle na?" Futhi wathi, emva kwesikhashana yena "wezwa u—ukubhonga okujulile, futhi kwakungukuduma." Futhi wathi, ngaphandle yena "wezwa amaphimbo athile ekhuluma, futhi ayethi, 'Uyazi, kungcono sibuyele emahhashini, futhi siwanakekele, ngoba singase singabi lapha isikhathi eside kakhulu.'" Wathi wasusa isembozo ekhanda lakhe, futhi walalela odongeni. Futhi kwabanika umbani, futhi wabona umphathi wakhe nabashayeli bamaloli. Futhi waqonda, ngenkulumo yabo, ukuthi kwakuza isiphepho phezu kwezintaba.

118 Esikubiza ngokuthi, phezulu emazweni asenyakatho, "esasenyakatho," siza ngokushesha, ngaphandle kwesixwayiso. Awunaso isikhathi sokwenza lutho. Izintaba ziphakeme kakhulu, zivele zibhodloze khona lapho, khona manjalo.

119 Futhi lokho kubanika kwakukade kubanika. Futhi wathi, "Uyazi, singahle singabibikho lapha ngemva kwesikhashana." Wathi, "Lokho kuzwakala njengokusontayo okubi okuzayo."

120 Wayesethi-ke, "Ngiqala ukucabanga, 'Awu, ngethemba ukuthi akushayi lapha,' wathi, 'ngoba ngiyazi ukuthi angikakalungeli ukuhamba.'" Kwezinye isikhathi ulinda isikhathi eside kakhulu, uyazi.

121 Ngakho-ke wathi, "Emizuzwaneni embalwa nje, umoya uqala ukuvunguza, nezihlahla ziqala ukuyendezela." Futhi wathi walalela. Umkhankaso wawuphakathi kwakhe nalapho i—inenekazi eselikhulile lalala khona, luthi wathi, "Wayeshaya kulowo mkhankaso. Lathi, 'Ndodana? O, ndodana?'"

Wathi, "Yebo?"

122 Lathi, "Ungeza ohlangothini lwami na? Nginelambu elikhanyisiwe." Futhi wathi, "Ngaya ngale kulo, ngoba

ngangesaba, ukuya ekufeni." Futhi wathi, "Lalinelambu elihlezi ebhokisini lensipho elidala. Futhi lathi, 'Ngingathanda ukukubuza okuthile.'"

Wathi, "Yebo, memu."

Lathi, "Ingabe usukulungele ukuhlangana neNkosi na?"

Wathi, "Ngabe-ke sengesaba ngempela. Wathi, 'Qhabo, memu, angikulungele.'"

123 "Awu," lathi, "s'thandwa, ngifuna ungitshele okuthile. Kungcono ulungele manje, ngoba ungadingeka uhlangane naYe, ungalungiselelanga, emizuzwini embalwa elandelayo." Wathi, lathi, "Uzoguqa nami lapha na?"

124 Wathi, "Saguqa eceleni kwalelo bhokisi elidala lensipho." Wathi, "Parson, ngizokutshela iqiniso, bengisaba kakhulu ukukhuleka." Wathi, "Izihlahla bezishaya kuleso sakhiwo, futhi umbani ubanika, nokuduma kwezulu kuzamazama. Ngangesaba kakhulu ukukhuleka." Wathi, "Ngaqala ukuba ngithi, 'Nkosi, yiba nomusa,' futhi *ukuqhuma* kuyobanika. ngathi, 'Bengikuphi na? Nkosi, yiba nomusa,' *ukuqhuma* kuyobanika."

125 Wathi, "Kodwa ngafunda isifundo." Wathi, "Lowo wesifazane osekhulile ongcwele wahlala nje epholile futhi ejabule njengoba ubengaba njalo." Wathi, "Wakhuluma naYe sengathi wayeMazi kusukela eseyingane, sengathi Wayenguyise noma unina." Wathi, "Wayengasaphazamisekile kunalutho."

126 Wathi, "Ngangesabela ukufa." Wathi, "Ekugcineni ngakhipha la mazwi, futhi ngathi, 'Nkosi, uma nje Ungangivumela ukuba ngiphile, futhi ngizothola indawo lapho kuthule khona kakhudlwana, ngizoza kuWe.'"

127 Wathola elinye ithuba, kodwa ungahle ungalitholi. Lapho izahlulelo zikaNkulunkulu ziqala ukuthululwa, alisekho ithuba. Unethuba lakho manje. Leli yithuba lakho.

128 Isiphepho sasiphezu kwakhe! Wathi, "Parson, kungenzeka yini ukuthi indoda enjengami ivalelwe kulokho kuphepha; ukuthi lapho ukufa kuqala ukungehlela, ukuthi ngingakwazi ukungena phezulu ukuba ngikhulume naYe, njengoba kwenza lowo ongcwele omdala na?"

129 Ngathi, "Ndodana, iGazi likaJesu Kristu, elamenza ngaleyondlela, lingakwenza ngaleyondlela khona manje."

130 Ngangimi eduze kwemoto yami. Wayengumfana ogqoke kahle, ophucukile, ofundile. Wawa ngamadolo akhe, egcekeni elinodaka; futhi lapho wathola khona leyoNdawo yokucasha, leloSiphephelo ngesikhathi sesivunguvungu, leloDwala ezweni eliyethileyo.

131 Akumele ukhandleke inqobo nje uma useDwaleni. IDwala yindawo eyodwa engayethi. IDwala liyindawo eyanelisayo.

Ungahlala nje emuva futhi uqaphele, uphephe nje ngendlela ongaba ngayo.

132 Nanto ihora liza, futhi manje selikhona, (nokubekwa uphawu sekuzophela), ukuthi lapho wonke owesilisa nowesifazane ebusweni bomhlaba bazoba kuleyondawo yokuPhephela, njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, noma ngaphandle kwaYo. Ufanele wenze isinqumo sakho. Lokho kuphepha nguJesu Kristu. Ukuthi, Uyiyona Ndawo kuphela, Yena kuphela onokuPhila okuPhakade. Akekho ongeza kuBaba ngaphandle kwaKhe. UnguMphongolo wokuphepha kwethu. UMoya oNgcwele uyafakaza ngathi manje, ukuthi sidlulile ekufeni sangena ekuPhileni.

133 Futhi lapho sibheka ethuneni, futhi sazi ukuthi ngamunye wethu uya khona!

134 Sibona amaphephandaba, nesiphepho esizayo! Lapho uya ekhaya kulobubusuku, ngenzele umusa owodwa, ungalali uze ufunde iSambulo, isahluko se 8. Ubona izinhlupho ezizayo kanye nesiphepho esizoshaya umhlaba, nokuduma nemibani kuzozamazamisa izulu. Omaye bazokwedlula isizwe. Umuntu uzobola enyameni yakhe. Izifo zizobahlasela, odokotela abazi lutho ngakho.

135 Kodwa khumbulani, ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, kwaba khona ukubekwa uphawu okwaya phambili! Futhi izingelosi zokufa nezinhlupho zayalwa nguNkulunkulu, "Ungasondeli kunoma yimuphi walabo abanoPhawu emabunzini abo!" NoPhawu lukaNkulunkulu lungumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kwabase-Efesu 4:30 uthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." Kungakhathaleki ukuthi umkhumbi wawuyendezela kangakanani, kungakhathaleki ukuthi umbani wawushaya kangaki eduze kwawo, "Abayizinkulungwane eziyishumi bayakuwa ngakwesokunene sakho, nezinkulungwane ngakwesokhohlo sakho, kodwa ngeke kusondele kuwe." UMoya oNgcwele!

136 Ngifundile ngo, "Mgibeli wehhashi elimpofu liphuma, obizwa ngo 'Kufa,' nesiHogo samlandela."

"Umgibeli wehhashi elimnyama ephethe isilinganiso esandleni sakhe."

137 "Isilinganiso sikakolweni ngopeni, nezilinganiso ezimbili zebhali ngopeni, kodwa ningasondeli eWayinini laMi noma amaFutha aMi!"

138 Ngiyezwa, ngeBhayibheli, izahlulelo zikaNkulunkulu ezizayo, lapho ukugula, nenkathazo, nenhlekelele kuzoshaya izizwe, futhi sonke isizwe siyophahlazeka sibe yizicucu. Ngifunde eBha-. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

139 Konke kwakuthulile. Kodwa iNkosi uJesu yabususa ubumnyama emehlweni ayo, futhi wabamba umphathi-dolobha, futhi wamemeza, "Sengiyabona! Sengiyabona!" Lapho izinkulungwane zimi lapho, abakaMohamede, nokunye nokunye.

140 Ngathi, "Manje uyini uMphongolo wokuphepha na?" Ngathi, "Ngafunda ephepheni lakho, ngolunye usuku, lapho zonke izinyoni ezincane ezazivame ukukhala emadwaleni angasothangweni, nasemibhoshongweni emikhulu yezakhiwo esekhoneni."

141 Niyazi, eNdiya yizwe elimpofu futhi bacosha amadwala emasimini, bese benza uthango lwabo. Futhi izinyoni ezincane zakha izidleke zazo kulawa madwala, emifantwini nasezimbotsheni. Zingena lapho futhi zakhe izidleke zazo, ukuze ziphume emvuleni. Bese kuthi-ke izinkomo, yonke, intambama, lapho ilanga liwela libheke ngaseNtshonalanga, ngani, izinkomo zimi emthunzini walolu—lolu thango okuthile nemibhoshongo emikhulu, ukuze zingene emthunzini.

142 Kodwa, cishe izinsuku ezimbili, kwenzeka into eyinqaba kunazo zonke. Zonke izinyoni ezincane zathatha izingane zazo, izingane zazo zezinyoni ezincane, zonke ndawonye, futhi zandiza zasuka ezindongeni, futhi azizange zibuye ngisho ebusuku. Zaphumela phakathi maphakathi nensimu, zase zihlala phansi, izinkomo zazingenakuphuma ntambama. Zaqhela ezindongeni. Futhi zabuthana, futhi zama eduze kakhulu ndawonye kangangokuthi zenza umthunzi kwenye nenye.

143 Mfowethu, dadewethu, yilokho iBandla ebelifanele likwenze! Asiwudingi umthunzi walemibhoshongo yamaBabiloni namuhla, yesimanjemanje. Sidinga izibusiso zomunye nomunye, ndawonye, ubufakazi bethu, nothando lwethu lobuKristu kanye nobuzalwane bungaphansi kwethunzi elachithwa ndowo zonke ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele. Lokho kwenza isithunzi; lapho ngingabamba umfowethu ngesandla, udadewethu ngesandla, futhi ngazi ukuthi siyizakhamuzi zoMbuso kaNkulunkulu; ukuthi siyathandana, futhi simi ndawonye kuleMbangela eyodwa enkulu, iMbangela kaKristu. Noma ngabe uyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iOneness, iTwoness, iThreeness, noma ngabe uyini, akwenzi mehluko, inqobo nje uma iGazi likaJesu Kristu lisihlanza kuso sonke isono futhi sinenhlanganyelo omunye nomunye. Yilokho esikufunayo, ubuzalwane, ukuhlanganyela!

144 Bama emasimini. Benqaba ukuma ethunzini lezindonga. Abantu babecabanga ukuthi lokho kwakuyinqaba. Kuyisenzo esiyinqaba. Yini eyenzeka na? Ngokuphazima kweso, kwaba nokuzamazama komhlaba okwazamazamisa izindonga

zawa phansi. Ukube izinyoni ezincane zaziyobe ziphakathi lapho, zona kanye nezingane zazo zaziyofana nowesifazane, umyeni wakhe kanye nezingane zakhe, eMiami noma e-Okeechobee, ngabe zafa ngokuwa kwezindonga. Ukube izinkomo beziyoma ukuze zithathe lokho kusekela ezindongeni, ngabe zabhubha nezindonga. Lokho sekuyiminyaka emithathu edlule. Nginesiqeshana sephephandaba; qhabo, u-Tommy Nickel unaso manje se*Voice* yeChristian Men. Izihloko ezisephepheni zithi, "Izinyoni zibuyela ezindaweni zazo. Izinkomo ziphuma emasimini."

145 Ukuba uNkulunkulu, ngezinsuku zikaMose . . . ezinsukwini zikaNowa, wayengaxwayisa izinkomo nezinyoni, ukuba zize ekuphepheni, emkhunjini, imbubhiso yayiza, isiphepho. Usenguye uNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, Usazithanda izinkomo nezinyoni. Futhi uma Elungisela inyoni nenkomazi indlela yokubalekela ulaka lokwahlulela, kakhulu kangakanani Wenze indlela yokuphunyuka yakho neyami, esiyinzalo yendalo yaKhe! Usenzekele kakhulu kangakanani indlela yokuphunyuka! Futhi sizwa uMoya oNgcwele uhudula enhliziyweni yethu. Ihora liyeza. Sibona amathunzi o—onyaka we-athomu, sibona amathunzi onyaka wehayidrojini, sibona izizwe zehlukana, u-Israyeli ephaphama.

Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."

Kunjalo namuhla! Nonke niyalazi iculo elidala likaHaywood.

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

146 Izivunguvungu ziyeza. Kukhona indawo yokucasha, o, iNdawo yokucasha ebusisiwe! IkuKristu.

147 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngifuna ucabange ngobuqotho nangokuzotha, umzuzwana olandelayo.

148 Sewake wayithola leyoNdawo yokucasha ebusisekile, olakeni na? Khumbulani, azikho izindawo zokucasha ezimbili, Yinye kuphela. Ungahle ube yilunga elilungile lebandla elithile, engingenabo ububi engingabusho ngokumelana nakho. Kodwa uma kuyilokho kuphela onakho, nempilo yakho ayiqhathaniswe neNcwadi yeZenzo, uma uMoya oNgcwele ozisho ukuthi unawo ungakwenzi uphile njengoba benza eNcwadini yeZenzo, nempilo yakho ingabhala enye incwadi, kungcono uxwaye. Uma umvini

wokuqala waveza iBandla lephentekoste; umvini wesibili, noma igatsha, njalo, emvinini, lizoveza elinye iBandla lephentekoste, nesehlakalo sephentekoste, luthela izithelo ezifanayo iBandla lokuqala elabanazo. Ngabe nihlezi kulobo obububusisiwe, uBukhona obungcwele beNkosi na? Ngabe sewedlulile ekufeni wangena ekuPhileni na? Ingabe uphumule phezu kwedlingozi elithile, umphumela othile ongokwengqondo, noma inkulumo ethile yobuhlakani na? Noma, uhlala njalo eBukhoneni baKhe, nesithelo sikaMoya empilweni yakho; ukubekezela, ukulunga, ubumnene, ubumnene na? Ungakwazi yini ukubekezelela othile ukuba akhulume ngawe, futhi, umthanda kakhulu kakhulu, uze enhliziyweni yakho ubakhulekele na? Noma, ingabe umkhuleko omncane wobugovu, "O Nkosi, ngiyazi ukuthi ngifanele ngimkhulekele, kodwa . . ." O, qhabo, mfowethu. Ingabe lobo bumnandi nothando lukaNkulunkulu, "O, shanela phezu komphefumulo wami! O Moya oNgcwele, shanela phezu komphefumulo wami"? Uma ungakayitholi leyo ndawo yokuphepha, mfowethu!

149 Ngizokwenza ukuvakasha kwami kokugcina ePhoenix, ngolunye usuku. Lokhu kungaba yikho, konke engikwaziyo. Futhi okokugcina iVangeli lizoshunyayelwa phezu kwaleli pulpiti, lokhu kungaba yikho, angazi. Sibheke eduze kabi kakhulu esikhathini sokuphela. U-Israyeli usebuyele ezweni lakubo lendabuko, isibonakaliso sokugcina esanikezwayo.

150 Ngangibuka isithombe ngobunye ubusuku, lapho bepakisha khona abadala abo, abakhubazekile, besuka emikhunjini nezinto, bengena. Bathi, "Ngabe senibuyile ezweni lendabuko, ukuzofa na?"

Bathi, "Qhabo, siyabuya ukuzobona uMesiya."

151 Ungakhathazeki, umkhiwane uveza imiqumbe yawo, leso yisibonakaliso sokugcina. Isigxobo sesayini, ifulege elidala kunawo wonke emhlabeni, lindiza phezu kweJerusalema. Useyisizwe esingesakhe manje, nebutho lakhe uqobo. Waphuphuthekiswa inkathi encane, kodwa uyahlangana futhi. UNkulunkulu wakuthembisa. Ukuphela kwabeZizwe kuyoba ngalesosikhathi. Babheke uMesiya.

Niyazi, uNkulunkulu wabuzwa ngesinye isikhathi, "Ungamkhohlwa u-Israyeli na?"

152 Wathi, "Ziphakeme kangakanani izibhakabhaka na? Ujule kangakanani umhlaba na? Ukale!"

Umprofethi wathi, "Angikwazi."

153 Wathi, "Kanjalo Angisoze ngamkhohlwa u-Israyeli. Uyinhlamvu yeso laMi."

154 Kukhona isibonakaliso sokugcina. UJesu wathi, "Nxa nibona umkhiwane uveza imiqumbe yawo, yazini ukuthi isikhathi sesisondele, ngisho nasemnyango." U-Israyeli uqala

ukubuyiselwa. Bazitholele imali engeyabo, cishe emavikini amane edlule. Unemali yakhe, yonke into. Uyisizwe esigcwele.

Silindeleni na? Ukuvalwa kwabeZizwe.

155 Nesibonakaliso sokugcina esaprofethwa ukuthi sinikwe abeZizwe, sesikhonjisiwe isizwe nomhlaba jikelele, njengoba benza ezinsukwini zaseSodoma.

156 Lapho Athi, "Uphi uSara, umkakho na?" IsiHambi, Sazi kanjani ukuthi kwakunguSara na? Futhi Salazi kanjani igama lakhe ukuthi kwakunguSara, futhi umka-Abrahama na?

Wathi, "Usetendeni emva kwakho."

157 Futhi uSara wahleka phakathi kuye, emuva etendeni. UMuntu wathi, "Uhlekeleni uSara na?"

158 UJesu wathi, "Uma lokhu sekwenzeka, isikhathi sesiseduze." Sengikubonile! Kudlulile. Okulandelayo ukwahlulela.

159 Ingabe ukuleyondawo yokucasha ebusisekile, mngane na? UNkulunkulu abe nomusa! Uma ungekho, futhi ungathanda ukukhunjulwa kulobubusuku emkhulekweni, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele." Noma yikuphi esakhiweni, phakamisani . . . UNkulunkulu akubusise, nawe, wena, wena. Kuhle lokho. UNkulunkulu akubusise. Lokho ngukuthi . . . UNKulunkulu akubusise. Noma ubani omunye uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham"? UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. UNkulunkulu akubusise emuva le ngemuva, nenekazi eliselincane. Lelonenekazi lapha, uNkulunkulu akubusise. Yebo. INkosi ikubusise, mnumzane; nawe, futhi. O, lokho kuhle. Omunye, phakamisa isandla sakho nje.

Wena uthi, "Mfowethu Branham, kusho ukuthini lokho na?"

160 UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. UNkulunkulu akubusise lapha, nenekazi. Kuhle kakhulu lokho.

161 "Kuchaza ukuthini, Mfowethu Branham, lapho ngiphakamisa izandla zami na?"

162 Ngabe uyazi, ngokwesayensi, awukwazi ukuphakamisa izandla zakho na? Uma bekungekho ukuphila kuwe, ubungeke ukwenze. Isayensi ayazi ukuthi kuyini ukuphila. Bayazi ukuthi ngukuphila, kodwa abazi ukuthi kuyini. Abakwazi ukukwenza. Futhi kuyini na? Isayensi isho ukuthi, izandla zakho, amandla adonsela phansi abamba izandla zakho phansi, okufanayo njengoba ebamba izinyawo zakho phansi.

163 Kodwa unomoya kuwe. Futhi, lowomoya, Okuthile bekuseduze nawe. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, kuqala, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi." Awuthokozile kulobubusuku ukwazi

ukuthi uNkulunkulu angasebenzana nenhliziyo yakho, ukuthi kukhona iPhimbo elincane lapho, lithi, "Wozani ekuphepheni"? Manje qaphela, "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle."

164 Kwakufanele kwenzekeni na? Wawufanele ube neNto ethize ehlezi eduze kwakho, eyakutshela ukuthi, "Awulungile." O, ungahle ube ngowebandla. Kodwa, "Awulungile," awukamemukeli uMoya oNgcwele, okwamanje. Awukho eMkhunjini.

165 Singena kanjani eMkhunjini na? Hhayi ukuhamba kuWo. Singena kanjani kuWo na? "NgaMoya munye sonke sibhaphathizwa eMzimbeni munye." Onke amakholwa abhaphathizelwa kulowo Mzimba munye. Kanjani na? NgoMoya oNgcwele. "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Nakho la sikhona, eMzimbeni, siphephile.

166 Uma ungenjalo, ungamvumeli uSathane akwedelele ngokwenele, kulobubusuku, ukuba akuvimbele ekuphakamiseni isandla sakho. Awu, kuzokwenzani lokho na? Kwephule yonke imithetho yesayense, ngenkathi uphakamisa isandla sakho. Kukhombisile ukuthi kukhona okwenze isinqumo. Okuthile okukhulu kunesayensi, okuthile okuphikisana nemithetho yesayensi, kwathi, "Kukhona umoya kimi, othi, 'Nginephutha.' Futhi kukhona Ohlezi eduze kwami, futhi uthi, 'Ngamukele Mina.' Ngaphakamisa isandla sami ngalapho iPhimbo livela khona, eZulwini. Yiba nomusa kimi, O Nkulunkulu. NgiyaKudinga. Ngifuna uMoya oNgcwele. Ngifuna ukuba sekuphepheni. Ngifuna izono zami ngaphansi kweGazi. Futhi ngifuna ukubekwa uphawu eMzimbeni kaKristu, ukuze ngizizwe ngokuthokomala, ngiyakwazi ukujabulela imisebe yokuphulukiswa, ngingajabulela imisebe yokuphulukiswa ngokukaNkulunkulu emphefumulweni wami, ukuphulukiswa ngokomzimba emzimbeni wami, wokuhamba neWundlu usuku ngalunye, ngokuphepha. Akunandaba ukuthi iphepha lithini, amaphephandaba; Ngizwe ngePhepha elikhulu, elibizwa ngeBhayibheli. Ngiye ekuphepheni. Kungakhathaleki ukuthi kwenzekani, ngisaphephile. 'Ngokuba labo,' uma ukufa kungithatha, 'labo abakuKristu, uNkulunkulu uyobaletha kanye naYe, ekuFikeni kwaKhe.' Ngisaphephile. Ukufa angeke kungikhathaze."

167 UNkulunkulu akubusise, mnumzane. uNkulunkulu akubusise. Omunye manje ngaphambi kokuba sikhuleke, "Ngifuna leyoNdawo yokuhlala ephephile, Mfowethu Branham"? Ingabe ukhona omunye ongasiphakamisanga isandla sakhe na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Kuhle lokho. UNkulunkulu akubusise emuva lapho ngemuva. Kuhle kakhulu lokho.

168 Manje, uNkulunkulu ofanayo okukholisile ukuthi unephutha, ukhona ukulungisana nawe.

169 Asikhothamise amakhanda ethu manje, njalo njalo, futhi sikhuleke. Khuluma naYe manje, ngendlela yakho siqu. Uma ningakwazi ukwenza okungaphezu kokufana nalo mthelisi ozishaye esifubeni, wathi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, isoni.” Yilokho kuphela okwakumele akusho; UNkulunkulu wayekwazi konke okunye kwakho. Futhi waya ekhaya, elungisisiwe. Sengathi ungahamba ngokufanayo, kulobubusuku, uphephile esiphephweni.

170 Baba wethu waseZulwini, lamagama ambalwa axubile futhi ahlukene phakathi, njengoba nje ngizizwe ngiholeleka ukuba ngiwasho, aphumile. Futhi ngiyakhuleka ukuthi, ngandlela thize, njengokungathi umfana omncane ephinda izinhlamvu zamagama, wathi yiyonanto kuphela ayekwazi ukuyenza, “Wena wawazi onke amagama, futhi Ubungahlanganisa izinhlamvu.” Ububonile ubulula benhliziyo yakhe. Nkulunkulu, bheka phansi phezu kwenhliziyo yami empofu, kulobubusuku, futhi ubone ubulula benhliziyo yami. NoMlayezo ubuhlosiwe, Nkosi, othandweni nasebumnandini, ukwenzela abantu, ukuthi bengathola lokhu kuPhumula Onginike khona kanye nezinkulungwane zabanye, ukuthi bangahle bazi uJesu, okungukuphela koMsindisi womphefumulo wabo, ukuthi Angahle abaholele kuBaba wethu uNkulunkulu, futhi bashuthekiwe ngokuphepha esifubeni saKhe, ngohlangothi lwaKhe oluklebhukile, futhi baMemukele, futhi bakhululeke ekwahlulelweni.

171 Futhi abaningi kulobubusuku, Nkosi, yebo, abaningi uziphakamisile izandla zabo. Yini enye engingayenza, Nkosi, ngaphandle kokubatshela ukuba ba “kholwe”? Futhi uma bekholiwe, futhi bebeqotho kulokho, akunakwenzeka ukuba bangabi nokuPhila okuPhakade kulelihora. Ngokuba, Wena wathi, “Lowo ozwa amaZwi aMi.” BabengabaKho; abahlanganiswanga kahle, mhlawumbe, kodwa Wena ungakwazi ukubahlanganisa. Futhi mhlawumbe Ukwenzile, kulabo abaphakamise izandla zabo, ngokuba Wena wathi, “Akukho umuntu ongeza ngaphandle kokuthi Ngimbize. Futhi wonke ozayo, Mina ngeke ngimkhiphe, kodwa ngimnike ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse ngosuku lokugcina.” Siyazi, Nkosi Nkulunkulu, lowo nguWe! Baphakamise izandla zabo, bafuna Wena. Manje, Baba, gcwalisa inhliziyo yabo, gcwalisa inhliziyo yabo ngokulunga nangomusa, ngoMoya oNgcwele. Kwangathi lobu kungaba ubusuku abangasoze babukhohlwa, ngoba lobu ubusuku abamukela ngabo uJesu Kristu njengoMsindisi wabo, futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

172 Sisakhothamise amakhanda ethu. Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko wami, futhi ungathanda ukuba ngibeke isandla sami phezu kwakho futhi ngikhuleke nawe, uma nje uzo. . .Ngenkathi wonke umuntu egebise

amakhanda abo, nomculo uphansi ngempela, uma uthanda. Ngingathanda ukuthi abaningi abangathanda, ukuthi beze lapha, abafuna ukwemukela loMlayezo omkhulu wensindiso, uMoya oNgcwele. Futhi uthi, "Mfowethu Branham, ngifuna ukuza ngaphambili khona manje, ukuvuma ukuthi benginephutha. Kodwa ngifuna uMoya oNgcwele ungithethelele, futhi ube mnandi kimi manje, futhi ungiphe ukuthula lapho isikhathi sokuzamazama."

173 Niyazi, yonke into enganyakaziswa, izonyakaziswa manje. "Kodwa semukela uMbuso ongenakunyakaziswa!" Lowo nguKristu.

174 Ungeza futhi ume lapha e-altare, kanye nami, ngivumele ngibambe isandla sakho futhi ngikhuleke kanye nawe na? Uma ubungathanda, sukuma futhi uze manje, sisaculela phansi manje. Nina eniphakamise izandla zenu, khuphukani lapha manje futhi nime e-altare, umzuzwana nje, uma uthanda, sisacula leli vesi manje.

Ngiza ekhaya . . .

175 Kuthiwani uma lokho kungokokugcina uyoke uzwe Lokhu na? Cabanga ngakho! Kuthiwani uma kungokokugcina na? Kuthiwani uma kukhala inhlabamkhosi ngemva kwesikhashana, phandle esitaladini, nguwena, beza ukuzolanda umzimba wakho na? Kuthiwani uma, cishe ngehora lesibili ekuseni, ubiza udokotela, kuwukumelwa yinhliziyo na? Uwedwa. Ngeke yini Lokhu kukhale na? Wozani manje ekuphepheni, ningeze yini, ngoba nizodingeka nime ngezinsuku zokugcina.

. . . Ngiza ekhaya.

Ngiza ekhaya, ngiza ekhaya,

176 UNkulunkulu akubusise, Dadewethu . . .? . . . [UMfowethu Branham ukhuleka nabantu e-altare, amazwi amaningi akhe awazwakali kahle—Umhl.] . . .? . . .

O, ngingabe . . .

177 Ngeke nje uphakame, futhi wehle nalaba abanye abemi ngase-altare lapha na? Woza. Kuza ekwahlulelweni manje. Ngeke uze na? Woza manje, izono zakho zivume manje, awudingi ukuya ekwahlulelweni. UNkulunkulu abusise lezi zithandani ezisanda kuza. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kuhle lokho. UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. Yehla ngqo. Woza, mnumzane.

Ngizulazule kude . . .

Woza, mfowethu waseSpain.

. . . kude noNkulunkulu,
Manje ngiyeza . . .

178 Ngeke usukume manje, futhi wehlele lapha na? Asikhuleke. Woza eSikhoselweni.

> . . . nginyathele isikhathi eside okwesono,
> O Nkosi, ngiza ekhaya.

179 Ngingakusho lokhu, ngenkathi i-ogani isaqhubeka idlala. UMlayezo, kulobubusuku, unguMlayezo wothando, umusa, nesixwayiso. Kusasa ebusuku, loMlayezo ungahle ube sezindlebeni zenu kwenye indawo, uMlayezo wokulahlwa nokwahlulelwa. Ngenkathi Unesihawu kuWo, woza futhi uWemukele. Ngeke nina, bangane na? Ngifanele ngihlangane nani ngaLokhu, engikushilo kulobubusuku, ngolunye usuku. Ngeke nize na? MaWukhulumele umusa, wenzele nina. Ngenkathi sisacula futhi, "Manje Ngiza EKhaya," ngeke ukwenze na?

180 Hlala khona lapha, dadewethu, othandekayo. Nina nonke hlalani khona lapha uma nithanda, umzuzwana nje. Sifuna ukuba nomkhuleko nalaba e-altare. Bayeke bahlale lapho bekhona ngqo. Kanye futhi manje.

> Ngizulazule kude . . .

Sukuma, woza. Ngeke wena na? Ngiyakumema.

> Manje ngiza ekhaya;
> Nginyathele indlela yesono isikhathi eside,
> Nkosi, ngiza ekhaya.

MaKristu, khulekani manje.

> Ngiza ekhaya . . .

181 Woza, mfowethu oyisoni; woza, dade; othengiwe ngeGazi laKhe, uKristu amfelayo. Ngeke uze manje na? Ake ngikuncenge, kulelihora elikhulu, lapho ukwahlulela kulenga phezu kweminyango yesizwe, iminyango yomhlaba. Ngeke uze na? Ngiyakuncenga, esikhundleni sikaKristu, woza kuKristu ngenkathi usengakwazi! Makube ngumusa, futhi kungabi ukwahlulela.

182 Manje ake silihamishe.

183 Bangaba khona abanye futhi, umzuzwana nje sisalindile lapha manje na? Abahlukahlukene bathatha izindawo zabo eduze kwalabo. Akusona isikhathi esimnandi lesi na? Angazi, kungase kube yimina nje, kodwa ngizizwa ngikahle kakhulu khona manje. Yilokhu engikulangazelelayo, yilokhu engikuthandayo.

184 Ngenkathi ngisengumfana ongumshumayeli nje, udadewabo womfundisi washo kimi ngesinye isikhathi, wayefuna ngihambe naye emdansweni. Ngamtshela ukuthi angiyi emidansweni. Wangicela ukuthi ngimyise embukisweni. Bengingeke ngikwenze. Ngathi, "Angiyi emibukisweni."

Wathi, "Uyitholaphi noma iyiphi injabulo na?" Ngathi, "Woza nami emhlanganweni."

185 Ngalobo busuku nganginomhlangano wetende. Ngangingumfana nje, cishe iminyaka engamashumi amabili nanye ubudala, insizwa. Ngalobo busuku, abaningana beza e-altare. Ngambona ehlezi emuva lapho, ekhala izinyembezi. Ngamqhweba, ngathi, "Ungibuze umbuzo izolo ebusuku. Ngingaphendula namhlanje ebusuku."

Wathi, "Bekuyini, Billy na?"

186 Ngathi, "Lena injabulo enkulu kunazo zonke yesikhathi sami." Ubone izoni ziza, Into ethile eyanelisayo enhliziyweni yami ikhuluma ukuthula nje. Ngiza ekhaya!

> . . . Ngiza ekhaya,
> Ngingabe . . .

187 Ngithanda ubumnandi nje. Uzwa sengathi nje uMoya oNgcwele ukhona, ujabule, "wenze kahle, wenze kahle." Lokhu ukulungiselela inkonzo yokuphulukisa, ukuphulukiswa ngokomoya kuqala. UMzimba kaKristu uyagula, udinga ukuphulukiswa, uMzimba kamoya.

> Ngiyeza ekhaya . . .

Manje khothamisani amakhanda enu. Wonke umuntu khuleka. Wonke umuntu esemkhulekweni.

> . . . ekhaya,
> O, ngingabe ngisazula.

188 Manje, kungcono ukucabange ngalo mfowethu lapha. Ufanele ube nokuthile phakathi lapha. Ngifuna bahlale lapha imizuzu embalwa kade.

> . . . Ezingalweni zaKho (Hlala khona lapha, kunjalo.) zothando

UNkulunkulu akubusise.

*Isivunguvungu Esizayo* ZUL60-0229
(The Oncoming Storm)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMsombuluko kusihlwa, ngoFebhuwari 29, 1960, eFirst Assembly Of God ePhoenix, e-Arizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

